**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO ENGOJE MHLAKA 20 MARCH 2008.**

**Ngiyanibingelela nonke**

? UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usembhidlangweni wokuqinisekisa ukuthi abantu bayakwazi ukuxhumana esifundazweni sonke futhi bakwazi ukufinyelela ezindaweni abadinga ukuya kuzona.

? Yingakho nje sithi namhlanje sihalalisela abantu baseNgoje ngokunqoba kwabo. Sekunesikhathi ninenkinga yokuhamba kule ndawo, kodwa umzabalazo wenu usuthela izithelo manje. Njengohulumeni sizohlale sisusa noma yini evimba endleleni yenu.

? Namhlanje sihlaba isoyi okuwuphawu lokuqala kokwakhiwa komgwaqo endaweni yaKwaMbhudula ozokuba ngu-11,5 km ubude nebhuloho elingu-90m ubude elinqamula umfula uMkhuze. Lo msebenzi kulindeleke ukuthi udle isamba sika-R22 million.

? Umsebenzi wokwakha kumele uqale kulo nyaka wezimali ka-2008/09, okuzovula amathuba kosonkontileka bakaVukuzakhe ngezigaba zabo kusuka ku-Stage 1 kuya ku-Stage 4. Kulindeleke ukuthi afinyelele ku-44 amathuba emisebenzi azokwakheka azotholwa ngamalungu omphakathi wendawo, abazoqashwa ngosonkontileka bakaVukuzakhe.

? Ekuphothulweni kwawo, lo mgwaqo uzongena ngaphansi kohlelo lukaZibambele, okuzodala amanye amathuba emisebenzi komama bendawo.

? Umphakathi wakwaMbhudula uhlala epulazini elisendaweni engamakhilomitha angu-20 ukuya eningizimu yedolobha laseLouwsburg. Lo mphakathi ukwazi ukufinyelela emgwaqeni omkhulu ngokusebenzisa indlela enqamula ezindaweni zabalimi. Le ndlela sebeyanqatshelwa ukuyisebenzisa njengoba abalimi bevale ngocingo.

? Izikhungo zomphakathi njengomtholampilo nesikole kwakhiwe emgwaqeni u-D579 emngceleni ongenhla nepulazi elihlala umphakathi wakwaMbhudula, kanti akufinyeleleki kahle kuzona ngenxa yenkinga yendlela yokuhamba.

? Kukhona amalungu omphakathi aseke abona izihlobo zawo ziphelela ezandleni zabo ngoba bengakwazi ukufinyelela ezikhungweni zezempilo.

? Ngakho-ke lolu hlelo luzokwenza izindlela zokuhamba bese kufinyeleleka kalula emigwaqeni u-D579 no-D422. Lokhu ekugcineni kuzosiza ekutheni kufinyeleleke ezindaweni zokulima nezinye izikhungo zomphakathi.

? Lona ngomunye wemisebenzi esiyiletha esiFundeni saseZululand. Sesifake imali engaphezulu kuka-R1.3 billion emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ekwakhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo, ezinhlelweni zokulwa nobubha nasekufukuleni imiphakathi jikelele kulesi Funda.

? Imisebenzi yethu ihlanganisa lena phakathi kweminye, u-D1820, D487, P700, P432, P235/ P49/ P52, P234 Qwasha River Road Bridge, Mpembeni, Sikhwebezi Pedestrian Bridge, Thombothi River Bridge, Obivane River Bridge, Wela River Bridge, KwaBhanya Vehicle Bridge and Hlonyane Bridge .

? Uma sibuyela kuZibambele, izolo besiphothula umhlangano wokubonisana nabo bonke ababambe iqhaza kuZibambele lapho besibheka izinselelo ezibhekene nalolu hlelo.

? Kulolu hlelo sigxile emakhaya aphethwe abesimame ukuthi kube yiwo athola izinkontileka. Lolu hlelo yilona olwenza siyibone kahle indima esesiyihambile ekufukulweni kwabesimame ikakhulukazi basemakhaya.

? UMnyango usube negalelo elikhulu ekufukulweni kwama-saving club. Njengamanje sesibenzisa wona ama-saving club ukuhlinzeka ngokudla uma kunemicimbi yoMnyango njengalona.

? Kumele siyikhiphe ipolitiki kulolu hlelo. Osonkontileka kumele bakhethwe ngokwezinga lobuphofu emphakathini kuphela.

? Mangiphethe ngokugcizelela ukuthi inkohlakalo nokukhwabanisa ngeke sikubekezelele, ikakhulukazi ukuntshontsha imali yomama abampofu kuwumhobholo ongenakubekezelelwa nhlobo. Esikhundleni salokho kumele nibe yisibonelo nithathe uhlelo niluse phambili.

**Ngiyabonga**